Fakani, vunulani, sihambe; amakosi asesibekile manje.
Ukuhamba kwamadada azityaya, sengati anamahata.
Nang'umuntu, epete isando, uyakukanda esitandweni.
Hamba uye'kubasela izinkomo zami ku'Jojo.
Sifike kulo'mhlanga; kubajwe izinkabi zimbili.
Ngiyazibamuzela nje, ngizikulumela ize lami.
Site, uma siti gigigi emtonjeni, satana nqwa naye.
Eyedwa nje, uyakuz'enza njani na, ziningi kangaka?
Neama, sihambe; likwele ilanga; y'inini esineenga.
Hebe! niyasala! izwe lakini likude; lityonile ilanga,
'Lamula! ziyabulalana izinkunzi!' 'Ziyeke zibulalane.'
Ngigingqele itye, wetu; balishiye, bengaligingqile.
Izingqwegqwe, izinto zonke eziy'izibebe ezilukuni.
Ukuba ngiqale ukuti nka, ngite, wena wau pi na?
Us'enewebile umnumzana; sal'us'unewebisa mina.
Ziy'esaba izingxangxa, ziyatyetya ukuewila emanzini.
Gungquza ubone uma bawubeke-pi umutya wami na?
Gaula izibonda, wetu, wake isanda, sokuza'uvunwa.
Sabambelela entanjeni sonke; sayidonsa; iqatyukile.
Ubambezele ngale'ngutyana, angay'esafa amakaza.
Umntwana wamanyisa unina elele; unina wamanyisa.
Ai, wetu! tula! uyabamuza lapo; aukulumi'luto.
Umbele walevo'nkomo unesilonda, udabukile.
Ngibekele ngesiziba ingubo yami, lapa idabuke kona.
Fafaza indhlu ngamanzi, kuswakame, kungatuquki utuli.
Akulungile ukuba sizinge s'enza izikaukau nje, situnywe induna.
Igama lami, engaliqanjwa ubaba nomame, ng'uMfokazana.
Ngasikade sifikile lapa, uma kube izulu libe lingazinge l'enza izikaukau.
Sati, uma s'ake kwa'nTunjambili, kwabava isilo, s'emuka.
Bati, uma bembona lowo'muntu, bambalekele, bayamesaba.
Zanini, nibone; nang'umhlola wehlile kuyasidabukisa kakulu.



Kuhle, uma sivela ekwaluseni, sifike sesibekelwe omame.
Abafana baw'aka umuwowane, bawutiya, b'esuka, bagoduka.
Kwafika impisi, yangena emuwowaneni, wawa masinyane.
Abafana bafika kusasa, bayifumana impisi, bayikipa is'ifile.
Y'iloko-ke engakubona ngempisi kuleso'sikati, ngiseng'umfana nje.
uManxele wabekwa y'inkosi; yati, k'emele umuzi awulungise.
Soluw'etwele olu'mapiko, soluza nezindwane, solufukuzela.
Ubambezele ngezinkomo zomfo wabo, angay'esafa indhlala.
Ngabona ihashi ensimini izolo, ngalixotya, ngaliyisa endhlini.
Unwaba lukona kuleli'zwe; aluko emazweni a'makaza.
Silele isitwatwa emnyango lapa; siza'uzidabula izinnyawo.
Zazi zinde zizimbi; ngazishiya, ngiti, ngasezabola kaloku.
Tata loku, Nyoni matane! Tata loku. nje, Sengiyakwabula.
Bab'emi ngapandhle, b'esaba ukungena, ngababiza, bangena.
Izimbata zis'elwandhle, zidhliwa abas'otungulwini, zifana neminenkhe.
Zinge'lutywana nje, ziya'uhamba, ziya ngapi, izinkomo zami?
Hambani, sihambe; isihlala-ndawonye sadhla amajwabu.
Isihlanti sokulinda izingulube siyabebeza kakulu lapaya.
Xabana noZintaba-ke, uma kunjalo; myeke uMahashi lo.

Wale nokukuluma naye, ngokuba eb'es'emonile impela.
Abantu bati isibambane isiduli lesi esikulu, esigandaya izindhlu.
Bekani, anobambisana; amadoda ayabambisana ehlezi ndawonye.
Ngibone mina abafana ababili bedhlala, bezinge bebambana.
Kwafika ubani, wati, Ngangezwe, uyabizwa uSomseu.
Lo'muntu uy'azi, uhlakanipile, uloba kahle izinnewadi.
Wabambelela etafuleni, w'ema; wo! washumayela ngamandhla umfundisi.
Bacisa izikali zake, angaziboni; funa alimaze abantu.
Lo'mfazi ubanga utuli; loku ehle wankenkeza njalo.
Labo'bantu b'anele ukudhla; ingantinjalo futi badhle baqeda konke, kabasishiyelanga.
Udaka alubambeki; futi alunamateli kahle; lu'manzi.
Uma sis'alusa, sasiyimba imimba siy'ose; imnandi kakulu.
Ngihle ngabanda ngomuti nje, wadhlula, kaz'angibona.
Isihlobo sami sis'ekufeni; kepa umxwelo wona usekona.
Uyaw'azi umuzi ka'Filipo na? oka'Jojo us'enhlangoke.
Ngitanda ukuba ufunde kahle, wazise, ungab'usakohlwa.
Ungene wabambelela pezu kwomkake; wakulukuluma, wapuma.
Kwati, mhla sikupuka siya emTyezi, ngabona izwe lite ba.
Abantu babaza ngapandhle ngesampoto, ababazi ngapakati.



'Ngiy'azi ukuba utyo ngokuti nokuti.' 'Ai ! musa ukung'azelela.'
Safika kuyena, wasimbisa amatye, was'akisa izindhlu.
Kufike abafazi baka'Zwide; kuhle uma ub'azi ngabakusweleyo.
Isifazana sika'Jojo s'alukele kwa'Vilemu namhlanje.
Siqedwa ulwasi nje kulo'muzikazi; akunikw'abantu.
Way'ahlukanisa indhlu yake; kwaba eyokulala neyokudhlela.
Ute, souzwile ukuba uFaku uy'eza, w'alukisa impi enkulu.
Ngiy'aleka kulo'muntu; ang'azi uma ng'enza-ni kuyena.
Kufulelwa izindhlu ngezihlandhla ezi'mabanga 'matatu.
Ngibandezekile kule'ndawo; angihlezi kahle, angitokozi.
Hamba siyokuka imbabazane, kesizokubabisa uMdwebu lo.
'Uya nga-pi na?' 'Ngibabala umsebenzi wami eTekwini.'
Lowo'mfundisi upete amabande, uy'enzansi, ay'enhla.
Leso'sikonkwane siyabambeka; kepa sinqala, asikumuki.
Umbanse emhlana; sokubonakala imivimbo yeminwe.
Ung'amukile innewadi yami; angimnikanga; ungixozomele nje.
Beka-ke, baba! uma ub'utyo njalo, bengingayikuvuma impela.
Liyafudumala leli'banje lako; auyikulizwa iqwa ebusika.
Besokupelele ibandhla lonke lakona, ukuba besokuy'icala njalo.

Qa belu, aukatyo lona engil'aziyo. Uz'ungityela belu, uma efikile.

380. Bekabeka masinyane, wetu, izitya lezo, ozipeteyo, sihambe, kuhlwile.

Wombekela belu, uya'ufika elambile. Womhlinzeka belu, uyau'buya ngakuwena.

Ugobile umakoti ka'Mbanda, umfo ka'Sizi; kuza'uti dukuduku atate omunye futi.

Siqubulwe y'imbabazane lapa ezitweni, besihamba kuyona emmini.

Umntwana kavumi ukulala; ulunywa omakoti; kuswakeme lapa endhlini.

385. Ngiza'uhamba nani mina; kepa, uma singapambili kwemBubu, ngiyakwahluka.

Kuse ngifika lapa, na ngaleli'sonda elidhlulileyo ngangikona lapa.

Ngiw'ezwile amazwi ako, ngiwabambile, ngiyakumlandisa uyihlo.

Siyakwandulelisa namhla, loko ku'kuti siyakuqala ukulima namhlanje.

Uma ukudhla kungavutiwe kahle, bati abantu kugwanyile, ku'mnukuba.

390. Bengibona abafana ababili bedwiya indwangu, bayidabula, bawa nyovane.

'Dweba umudwa, ulunge; uy'ezwa na?' 'Qa! angiyikukwazi kahle; ake ungityenise.'

Isandulela, ngiti, inkanyezi enkulu, evela esikatini sokungena kwobusika.

Uwe ehashini, w'apuka isihlakala, na namuhla beka! us'ey'isikuhlakuhla nje.

Uti izinsuku ziyakuba ngapi na, loku uyakutwityatwitya kusasa.

395. Umoya wavunguza, w'ambula isisi esikulu, notuli olunqongileyo, nenkungu evimbileyo.

Kubonwe emLazi loko, kutiwa kwaku'mlutu nje; kwati kusati qata kw'emuka.

Ngibwalukile ubwamba bami obude; buyakuyihlanganisa eyakwami le indhlu.



Bekani nina nonke, qondani kahle ukukuluma kwami; kona niyakwazi.

Isibara, umuti obabayo kakulu, udhlelwa isifuba, uzaule isilalo.

400. Abawatandi impela amakaza abantu abalapa, ngoba abembati'luto.

Isibankwa sihlala otangweni, sitanda kakulu ukwetamela isitangamu.

Beka! izinnyoni ziyabekuza ensimini yako, ziqed' umbila wako.

Shumayela njalo amazwi amabi belu kumina; ngiy' ezwa.

Uma lingani kungahlwile, noko ilanga lingabonakali, siti libalele.

405. Ngaka ng'ezwa umfazi omunye ebalisa ngomunye, ekala, 'enze isikomololo.

Nontuma, mboza amazinyane lawo ngeqoma lelo lakwenu ekulu.

uFodo ubalisa ngeeebo azakulwa ngalo, usatule, usapatelele esihlatini.

Uhle walima wabedula umlungu wansondo, engadhlanga'nkobe za'muntu.

Lolu'beee lwatyalwa ubani lapa; anga mahle amabeee alapa; uyalubona ubeee lwakona?

410. uZatshuke wabekwa amakosi, ati, k'emele izwe las' enHlangwini, okwaku elika'Sidoi.

Betela emtini lapa isikumba sako lesi; siya'ubuya ngakusona ntambama.

Ngiwe ngabijeka, ngiwe kubi; angiwisanga okwendoda.

Isilo siza'uvama ukudhla izimbuzi namatole, ngoba lifumile: hamba belu, uzakukubona engikutyo.

Ngifutelwa ameva; angihlabe izolo, ngiyozingela; manje as'efuta, sokukona ubovu.

415. Bamtyaye umfana lapaya endhleleni, wazibinya, wazibinya.

O! ityungu lomnumzana lisele; buyela ulilande; buyela emuva, mfana, suka.

Beloku bexokozela nje, singas'ezwa nokuba bati-ni, saza s'esuka sahamba tina.
Bafika abas'emGangeni bezobasa kiti, amadoda e'matatu, insizwa zinhlanu, behlome amahau.
Ub'etwele izinto ziziningi, angizibonisisanga, kodwa ngibone kuy'izibebe nje.
Innyoni ingatinta umbeka lo ongapansi kwesifu, ingabajwa, kukwebuke ingeipo, siwe.
Umbete ngetye eliponsa esitele ngendhlu; l'eqa laya labeta kuyena ekanda lowo'mfana.
Liy'isibeva leli'kehlana; laka labamba umakoti was' emaHlatini; lihambe lihamba nje.
Bizela lo'muntu abantwana bakwake lapaya ngas' enhla, uti, uti kabahambe.
Us'ungingene kakulu, bani; us'uze wangena na ngesipanga; us'uze wati ghamanxa.
'Le'nja ifakwe isibelu senhlango nje; yabanjwa iyona, y'ini na?' 'Ehe! eyayo.'
Liyanamaza, alikakizi, l'enz'amate'impukane nje; ziza'uswakama izingubo lezi; zitateni nizisonge.
Bafika abalungu bebatatu, bevela eTowini; babambana ngezandhla noSobantu.
Kakulu! mamo uHahazo! imuka nawo empumalanga! isenanelo leso.
W'eba insimu yakabo'Mkuhlane; sambona, saya kuyena, wasibaeela.
Wawa emkiwaneni, walimala oTukela, sidhla amakiwane, sis'alusa, sise abafana.
Yaba labo'bantu; wabele izinduna zibageine, abantu bas'endhlu'nkulu.
Sapuma ngeyafayo, lena efileyo; iyakusitwasela emKomazi, soba sesikwela kiti lapo.
Isangeobe sipekwa umbaqanga esikatini sas'ehlobo, sibondela amatanga futi.
Hambani, bani, nobani lo: niye'kukipa izinkomo zika'bani, kwobani.
Haqani kule'sikungo, kuzakuvuka imiziki, kuvuke izimpunzi, kuvuke onogwaja.



Z'abeke kahle izinkomo; ngiqale uga namatezane, ngibona umpakati umningi.
Ake ungibangule, wetu, seloku ngihlatywe kusasa, ngixotya iqina.
Jezile wetu! woz'ungibone, napakade kakulu, woz' uyinyatele injobo yami.
Bayabambelana oJojo noSotemba; uma uJojo engeko, usale abanjelwe uSotemba.
Uma umuntu etyaywe ndawonye, kwaba y'ibala imivimbo, kutiwa isibambane.
Bekani lo'mntwana; unesibanda; as'azi uma wakotwa y'ini, na.
Muhle umta ka'Zinzweba, onokuti ehlezi ab'ezing' ekala; isibihlibihli nje.
Ingubo yami ilelwe umbete; beniyishiyele-ni-ke emnyango.
Ak'apume lo'muntu ofayo, ak'aye emnyango, kusabet' umoya nje; uza'ubuya angen'endhlini.
Asiyizwanga inkabi yakwoBaza, sizwe umbengwana munye nje; kwakupela.
Kute gaye izimvu kule'ntatyana, ziningi kakulu kakulu, nezimhlope nezimnyama.
Ngafika sokute biei umzimba wonke izilonda ezimbi; ngapanga emakambhini; ngampekela.
Ngambudhluza ngapakati: au! walala e inyabule ngelanga.
Izinkomo zizinge ziboxoza odakeni; zikipeni z'aluke, ziyokwesula udaka, and'ume zibuye zisengwe.
Sifike umkiwane wetu ungakavutwa, kusavame amabimbi; ngiti ngomhlomunye uya'uvutwa.
Ibenguke yonke inkangala yakwa'Bukuda, isimze yabenguka nje.
Le'nkomo ivuvuke ibele, igwazwe abatakati; is'ipuma izipiqika.
Libi izulu kaloku, livame amakaza, livame imvula; kufa izinkomo, kufa abantu, kungangezibi.
Imbila iyadhlulwa unomitywe ngobuhle; yona imitywana yayo kaiqamile kakulu.

Siyafeketa nje ngesalukazi, uma sesi nezimvi, siti sokukahlele imbali lapa.

Vula emnyango, wena! auzivuleli y'ini na? ngipete amabande; vula.

Lo'muntu wangibandakanya nomuntu oneeala; seng'isilima nje.

Isibalo sika'Hlalelwa, amahashi, anikwa wona; esika' Meanjana, abantwana.

535. 'Ungibalekelela-ni na?' 'Ngibaleka, ngokuba ngingakwazi, ngiti, u umfokazi.'

Ngabona oTukela umfana, wabanjwa ingwenya, wafa; unina noyise badabuka kakulu.

Kuhle ukusenga kusihlwa kusakanya, nokuketa amatole ngesikati sisawabona kahle.

Ngangena emzini, ngafumana amadoda epuza utywala, abuza kumina, ati uvela ngapi na?

Kukona innyoni, igama layo umunswi, innyoni yehlati; insundu umbala wayo.

540. Soku'buhlungu iqolo, kade ngibuta amabibi; y'ilokuhle kwasa ngiqotile.

Wisa izinnewadi zonke lezi, uzibihlizele pansi; uhambe ke, uyotata iqoma nesaka; sizozibutela.

Umbonge wambonga, wambonga ngenhlamba pezu kwoba es'and'ukwenziwa njeya uyise.

Uhle wabona ibika, walibamba, walinquma kabili; walifelela, wati, 'Okuhle, bika!'

Uti umnumzane, bonisela lo'muntu induku yake, uti ufike qede izolo, wayibeka kule indhlu.

545. Kunjenje umlilo ubengulwe umoya, ukuba kuze kutye umuzi nje.

Imvula isibihlizile isitini, eb'esis'enza izolo: we! yek' amandhla etu! apelele ezeni!

Isinkwa sibihlikile pakati ekanzini; ang'azi uma kuza'udhliwa-ni.

Namhlanje sike sabonana nomgani wami, uHlofu; loku ngihambe ngimlangazela.

Bonisisa kahle pela, Zimu, kungaze kuti uma amakosi es'ekuxaba, ukale ngami.